

# *EBUKHONENI BAKHE*

 Ngiyabonga, Mfowethu Neville, iNkosi ikubusise kakhulu sibili.

Futhi yintambama enhle, bangane. Kulithuba elihle ukuphenduka lapha kulesi sakhiwo futhi lobubusuku, lokuzwa ukungehluleki koBukhona beNkosi yethu, njengoba Wapha isithembiso. Futhi manje, ngiyazi ukuthi abanengi benu lihlalele uMbiko omncinyane lobubusuku, ngalokho ngilokubonga. Futhi abanengi benu kufanele litshaye umango omude lobubusuku, ukuyafika ngekhaya. Abanye baphumile emahoteleni enu, ngokuzwa kwami. Futhi sizazama ukungalibambi okwesikhathi eside, ngakho yiso isizatho siphangisa ukungena ukuze siphume masinyane.

<sup>2</sup> Futhi manje siza, masinya nje ngengingakwenelisa, ngizamemezela lapho mhlawumbe esizaqala khona, ngibe lokufonelwa limini, ngisazi lapho esasizaqalis ka khona kulamabhuku, kumbe lesi izahluko. Futhi ngicabanga, nxax iNkosi ithanda, ngifuna ukuthatha, isikhathi esilandelayo lapho siqala, ngeMpawu eziyisiKhombisa zikaSambulo, futhi lempawu zemvelo eziyisikhombisa. Futhi, khona-ke nxax singaqeda ngesikhathi, sithathe impawu eziyisikhombisa ngemuva kweBhuku, bona. Manje, lokho kungathatha isikhathi esincinyane. Bona, kulempawu eziyisikhombisa ezivuliweyo; kulezinhlupho eziyisikhombisa, impondo eziyisikhombisa, osikhombisa bonke labo; futhi lezo mpawu singazithatha kuqala. Kodwa-ke ngemuva kweBhuku kunanyekwe ngempawu eziyisikhombisa. UDaniyeli wezwa amazwi, imidumo, futhi wayalelwu ukukubhala. UJohane wayalelwu ukukubhala. Kodwa kwananyekwa ngemuva kweBhuku, lokho kuyikho, emva kwemfihlakalo zonke zeBhuku sezinikeziwe futhi zembulwa. Liyananjelela uDaniyeli wathi lapho, “Imfihlakalo ensukwini zalamazwi, imfihlakalo kaNkulunkulu kufanele ibe isiyambuliwe ngalesosikhathi.” Bona, “imfihlakalo,” ukuthi uNkulunkulu ngubani, ukuthi Wensiwa njani waba yinyama, zonke lezi izinto kufanele zembulwe ngaleso sikhathi. Futhi-ke-khona-ke sesilungele iMpawu eziyisiKhombisa ngemuva kweBhuku, lokho kakwambulwanga ngitsho emuntwini, akubhalwanga ngitsho laseBhayibhilini, kodwa kuzamele ziqaathaniseke nje lalo lonke iBhayibhili, futhi ngicabanga ukuthi kuzakuba yinto enkulu.

<sup>3</sup> Ngakho manje sizazama ukuphangisa ukwedlula kukho. Ngiyabonga munye lamunye wenu ngomusa wenu lobukhona benu, futhi-futhi lakho konke elikwenzileyo, siyalibonga kakhulu. Futhi manje ngi—ngithemba ukuthi asisoze siligcine isikhathi eside kakhulu lobubusuku, ngoba liyabekezelwa

kakhulu ukuhlala, ukuma. Umkami wathi emuva ngale, ubekhuluma ngobusuku obedluleyo, wathi, "Ngibone abafazi abakade ngingathi bakhuluphele, bemile lapho, futhi lezigqoko zabo zimanzi nte, bemile lapho, bebamba nje lonke iLizwi." Yiso isizatho ngithanda ukuhlala ngaphansi kogcobo luka Moya oNgcwele, ukuthi lapho uphuma phandle utshela laba bantu iQiniso elithembekileyo, bona, futhi kungelutho kodwa iQiniso. Futhi-ke engabambelela kuLokho futhi kuyalunga.

<sup>4</sup> Manje ngifuna ukucela uxolo lwenu okwesikhatsana. Ngisuke masinyazane lokhu kusa. Futhi amathephu acitshiwe kulesi sikhathi, futhi ngi—ngizakuthi ngesikhatsana nje ngitshele abarekhodayo lapho okumele baqale khona ithephu. Ngifuna ukuqedha *Ukubala Usehla*, imizuzu emihlanu ngakho, ngingakasuki. Ngakholwa futhi ngahamba, ngithathekile nje lokhu kusa ngaze ngaphuma ngingazange ngitsho ulutho ngakho. Kodwa, kungazathi ngilitshiye, "Bekuyini ukubala usehla na?" Bona? Ngiyazi sisekubaleni sisehla, kodwa kuyini ukubala usehla na? Bona? Nxa ungakwazi ukuthi ukubala usehla kuyini, khona-ke uzakuba sengathi uyadideka. Futhi-ke ngi—ngingathanda uku—ukukhupha lokho, nje, futhi ngizame ukuba sethonini inye engangiyiyo ukuqedha lithephu khona manje, ukuze ithephu iphume, *Ukubala usehla*. Manje lonke lizangixolela okwesikhatsana nje, futhi ngifuna ukuqedha leyo thephu. Lingakwenza okwesikhatsana nje, khona-ke besesiqala kweyinye? [Ibandla lithi "Ameni."—Mhl.] Futhi manje—manje amathephu rekhoda, nxa lingathanda, vulani ithephu yenu manje. [Indawo engelalutho ethephini—Mhl.]

[UMfowethu Branham uchasisa kundima 4-5 ukuthi ujobelele lingxenye ebingekho entshumayelweni yakhe yekuseni ebizwa ngokuthi *Ukubala usehla*, njenge ndima 106-111—Mhl.]

<sup>5</sup> Ekubuyeni nje endaweni ezitshiyeneyo, futhi sibe lesikhathi esikhulu emibikweni emithathu yokucina, yokukhuluma ngesifundo se—semfundiso ezechlukeneyo lokunjalo lezo esizilethileyo. Ngiyakhumbula nje kulesisikhathi ngizakunika indawo encinyane phakathi lapho, lina bantu kuthephu, ukuntshintsha amathephu enu. Ngizalitshela lapho sekulungele ukuvula. Kulungile. Manje, kufanele ngikhangele lokhu. Kukhangeleka njengexuku lokubamba amehlo kokuzenzela, kodwa bona abafana kufanele bathole ithephu. Futhi abangeke bayixubanise; nxa bengakwenza, abantu phandle-le abasokeye bayizwisise. Ngakho kufanele sikuthathe ngale indlela. Futhi nxa omunye umuntu engaphuma phandle kwekamele futhi anginike isayini lapho, Junior, lapho sebelungele ukuntshintshanisa amathephu ngale. Ngiyabonga kakhulu, bakwethu, ngiyakhuluma njalo, ngomusa wenu lakho konke. Kulungile, sesilungele manje, lingawavula.

<sup>6</sup> INkosi ilibusise. Siyathaba ukuba lapha ethabhanekeli njalo lobubusuku. Indawo igcwele phamu ngabantu abanengi

abame nxa zonke njalo lobubusuku, lensuku ezintathu ze... kumbe izikhathi ezintathu zenkonzo. Ngingafisa ukuthi loba engubani ongalalela lithephu, ukuthi bazathanda ukuphenduka futhi bathathe ithephu yobusuku obedluleyo. Liyitaditshe emakhaya enu. Kuyi—kuyisigaba samanje senkonzo iNkosi enginike yona. Ikakhulu ngizathanda abatshumayeli ukuyizwa ngingakavakatsheli amabandla abo lokubuya emakhaya abo. Manje ngizathanda uku—ukuthi bakuthole lokho. Manje, lokhu kusa sikhulume ngesifundo soUkubala Usehla, iBandla lilungele ukuhamba.

<sup>7</sup> Futhi manje lobubusuku, uNkulunkulu ethanda, sikhuluma ngesifundo sokuthi *EBukhoneni Bakhe*. Futhi, o, siyambonga kanganani uNkulunkulu ngethuba lokuthi singabuya eBukhoneni Bakhe. Kodwa, kuqala, ngifisa ukuthi lonke livule emaBhayibhilini enu kanye lami kumprofethi uIsaya, isahluko 6 sikamprofethi uIsaya. Siyakwazi sonke ukuthi uIsaya waye ngumprofethi omkhulu, lomunye wabaprofethi abakhulu bosuku Iwakhe. Waphetha impilo yakhe esahwa ngamasaha, okobufakazi, njengowafela ukholo emandleni kaNkulunkulu uSomandla. EBhukwini likaIsaya, isahluko 6, ngiqalisa kundima 5, ukubala. “Khona-ke ngathi, ‘Maye kimi!’ Ngoba...” Mhlawumbe ngiqalise ngendima 1. Lingixolele okwesikhhatshana. Kasiqaliseni ngendima 1 futhi sibale sisehla kuze kube phose indima 8.

*Ngomnyaka wokufa kwenkosi uUziya ngabona iNkosi ihlezi esihlalweni sobukhos, esiphezulu lesiphakemeyo, lemiphetho yesembatho sayo yagcwalisa ithempeli.*

*Amaserafi ayemi ngaphezu kwayo: lelo lalelo lilempiko eziyisithupha; ngezimbili lagubuzela ubuso balo, langezimbili lagubuzela inyawo zalo, langezimbili laphapha.*

*Lelinye lamemeza kwelinye, futhi lathi, Ngcwele, ngcwele, ingcwele, iNkosi uNkulunkulu wamabandla: futhi umhlaba wonke ugcwele inkazimulo yakhe.*

*Futhi insika zomnyango zanyikinyeka ngenxa yelizwi lakhe owamemezayo, futhi indlu yagcwalala intuthu.*

*Khona-ke ngasengisithi, Maye kimi! ngoba ngiyabhupha; ngoba ngingumuntu wendebe ezingcolileyo, futhi ngihlala phakathi kwa... bantu bendebe ezingcolileyo: ngoba amehlo ami abonile iNkosi, iNkosi yamabandla.*

*Kwasekuphaphela kimi elinye lamaserafi, lilelahle elivuthayo esandleni salo, elalilithethe ngodlawu elathini:*

*Futhi lathinta umlomo wami ngalo, futhi lathi, Khangela, lokhu kuzithintile indebe zakho; lobubi bakho bususiwe, lesono sakho sihlanziwe.*

*Njalo ngasengisizwa ilizwi leNkosi, lisithi, Ngubani engizamthuma, futhi ngubani ozasiyela? Khona-ke ngasengisithi, Ngilapha; ngithume.*

<sup>8</sup> INkosi mayibusise iLizwi Layo. Ngicabanga ukuthi lowo nguMbhalo omangalisayo kakhulu. Siyafumana ukuthi, eBukhoneni bukaNkulunkulu, abantu bayazinanzelela ukuba yizoni. Singewa kuhle kakhulu lapho siphandle endaweni ezitshiyenyo, futhi sizwe njengo kuthi singabantu abahle kakhulu, kodwa lapho singake sibuye eBukhoneni bukaNkulunkulu, khona-ke siyabona ukuthi sibancane okunganani.

<sup>9</sup> Ngimile kungasikude lo-lomngane wami lowo engaba lethuba lokumkhokhelela kuKhristu, uBert Call, phezulu eNew Hampshire, engizingela laye, sasimile eCold Brook Falls phezulu eAdirondack, futhi kwakuyinkalakatha zempophoma. Ngathatha imuli yami umnyaka odluleyo phezulu khonale ukuyakhangelu kuyo. Emuva khatshana lasemgwaqweni, kumele ugade ubyele ukuze ufiike kiyo. Futhi lapho sibona lawo manzi angumbala wesibhakabhaka-aluhlaza ethela ngamandla amakhulu kangaka evela ezintabeni, futhi empompozela phansi phezu kwamadwala, uBert wama lapho futhi wangikhangelu, futhi wathi, "Yeyi, Billy, kwenza umuntu azwe emncinyane sibili," walinganisa phose ikota ye-intshi eminweni yakhe. Futhi ngathi, "Kunjalo, Bert." Manje, lokho yikho kuphela ayekwazi ngokungena eBukhoneni bukaNkulunkulu, ukubona indalo Yakhe.

<sup>10</sup> Ngiyamangala umuntu owabhala *UMkhulu Kangakanani Wena*, nxa wayengakhangelanga phezulu ngobunye ubusuku futhi wakhangelu inkanyezi, ukuthi zikhatshana okunganani! Inyanga ezimbalwa ezedluleyo, uMfowethu Fred, uMfowethu Wood lami, sasimile loMfowethu Mc Anally phandle enkangala yaseArizona, sasilinganisa, sizama, inkanyezi eyodwa, ukuba iseduzane okunganani kweyinye. Futhi lezigidi lamabhiliyonu amamayila khatshana, zazingakhangeleki zisedlula ikota ye-intshi kweyinye layinye. Khona-ke siyaqala ukucabanga, ngobufakazi besayensi yalokho, lezonkanyezi zingabe zikude kweyinye layinye kulalokho esiyikho kizo. Bona ukuthi kunjani?

<sup>11</sup> Khona-ke siyananzelela ukuthi sibancinyane okungakanani lapho sinanzelela ukuthi Umkhulu okungakanani, lokuthi sisondele kanganani ngokungena eBukhoneni Bakhe. Ngenye indlela kumbe okunye, kuhlezi kuletha impumela enkululu phezu kwabantu ukubuya eBukhoneni bukaNkulunkulu. Sengabona isikhathi enkonzweni yami lapho ubona uBukhona bukaNkulunkulu bubuya endaweni enjalo ukuthi kwakuletha umuntu phezulu futhi nje ambule impilo kibo, futhi abizele izono zabo lenhlobo zonke zokungaziphathi, futhi kuletha ukuthula okungcwеле phakathi kwabantu baze baphume phandle komzila wokukhulekelwa bengakabuyi ukuzokhulekelwa,

futhi bagijimele ku-altare futhi bazilungise loNkulunkulu bengakabuyi eBukhoneni Bakhe. Bona, kulenye into ngokubuya eBukhoneni bukaNkulunkulu, kubangela izinto ukuthi zenzakale. Sengabona abantu belele emibhedeni yezigulane lakumastretsha.

<sup>12</sup> Lobo busuku phansi lapho eMexico, lapho leyo ngane encinyane efileyo ilele ngaphansi kwengubo, ukuthi umama weSpain omncinyane amlethayo, kumbe umama omncinyane weMexico, ngizama ukutsho, amlethayo. Lapho bebona, inkulungwane ezithile zalabo bantu abakubonayo, mhlawumbe amatshumi amahlanu kumbe amatshumi ayisikhombisa lanhlanu ekubuthaneni kunye, babona leyo ngane encinyane efileyo isiza empilweni, abafazi baqaleka, abantu baphosela phezulu izandla zabo futhi baklabalala. Ngani? Bananjelela ukuthi umuntu wayengeke akwenze lokho, ukuthi babeseBukhoneni bukaNkulunkulu uSomandla. Futhi kwabangela enye into ukuba yenzakale.

<sup>13</sup> Ngibe lethuba ukuzwa abantu abalobunkulunkulu behkulum. Kwakhulunywa ngesinye isikhathi ngoCharles Finney, umfo omncinyane, engela sisindo esingedlula okungaba ngamaphawundi alikhulu letshumi, kodwa wayelendlela elamandla yokukhuluma kwaze kwathi. Wayelinga ukuzwakala kwamazwi ngolunye usuku esakhiweni. Babengela amasistimu eP.A. ngaleso sikhathi. Futhi kwakukhona indoda ilungisa, phezulu kwebhalikhoni, kumbe phezulu ophahleni lwendawo, futhi wezwa umuntu engena, ngakho akazanga abekwazi ukuthi babengobani, wathula nje. Futhi uMnu. Finney wayezalinga ukuzwakala kwamazwi. Emva kokujeda isikhathi eside emkhulekweni ngaleylo myuselelo ayezakuyibamba, walinga ilizwi lakhe ukubona ukuthi lingahamba okunganani. Wanyonyobela ngokuphangisa kuphuluphithi, futhi wathi, “Phenduka, kumbe ubhubhe!” Futhi wathi wakukhuluma ngamandla—ngamandla, emva kokuba ngaphansi kogcobo lukaNkulunkulu, umuntu waze wawa phansi kubhalikhoni, phansi esibuyeneni, kumbe, phezulu esakhiweni, esiya esibuyeneni.

<sup>14</sup> Watshumayela iVangeli ngendalel ethile waze wama eBoston, Massachusetts, efasiteleni elincinyane eliphumela phandle, ngoba kwakungela bandla elalingabamba ixuku lakhe. Futhi wema lapho ngamandla amakhulu, futhi watshumayela isihogo indawo enjalo, kwaze kwathi amadoda asebenzayo belamabhaskiti abo ngaphansi kwengalo zabo, bawela esitaladeni futhi bakhalela isihawu. EBukhoneni bukaNkulunkulu! Abatshumayeli abakhulu abakade besenelisa, ngeLizwi likaNkulunkulu, ukuletha uBukhona bukaNkulunkulu embuthanweni. Kakube kude ukuthi umuntu engatshiswa kangaka enhliziyweni zabo baze bengenelisi ukuqaphela uBukhona bukaNkulunkulu. Kude lakho!

<sup>15</sup> Lapho umuntu wokuqala, masinya esewonile futhi esenze into embi, futhi lapho uNkulunkulu esiza ebukhoneni bakhe, kumbe, weza eBukhoneni bukaNkulunkulu, “uAdamu,” wayengeke ame eBukhoneni bukaNkulunkulu. Wagijima futhi wacatsha esihlahleni futhi wazama ukuzimboza ngehlaamu lomkhiwa, ngoba wayesazi ukuthi wayemile eBukhoneni bukaJehova, uMdali. Lokho kwaba yikwenza komuntu wakuqala, emva kokuba esonile futhi wazama ukubuya eBukhoneni bukaNkulunkulu kanye lesono phezu komphefumulo wakhe. Wayengelakucatsha, ngoba wayesasebuthakathaka. Isono sasingakabambi njengalokho esesigxile ngakho enhliziyweni zabantu lamuhla, kodwa wayezizwa ukuthi wayemile phambi koMdali wakhe. Manje, wazifihla ezixukwini futhi wayengelakuphuma, futhi wayengelakuphuma phandle uNkulunkulu waze wamenzela amalungiselelo.

<sup>16</sup> Singabuyela emuva, futhi sithathe kuGenesisi isahluko 17 lendima 3, lapho ukhokho omkhulu, uAbrahama, lapho esiza eBukhoneni bukaNkulunkulu, futhi uNkulunkulu wakhulumu laye (kusahluko 17) ngeBizo likaNkulunkulu uSomandla, uAbrahama wawa ngobuso bakhe. Lowo khokho omkhulu, inceku kaNkulunkulu, wayengelakuma eBukhoneni bukaNkulunkulu, loba wayelMsebenzele okweminyaka engamatshumi amabili lanhlanu, ethembekile. Kodwa lapho uNkulunkulu esiza ebukhoneni bakhe, ukhokho wawa ngobuso bakhe ngoba wayengelakuma eBukhoneni bukaNkulunkulu.

<sup>17</sup> KuEksodus 3, siyathola ukuthi uMose, inceku enkulu lomprofethi kaNkulunkulu, lapho esephendukile ngangemuva kwenkangala, leyo ndoda yayiyindoda engcwele. Wayezalelw injongo. Wazalwa esibelethweni sika mama wakhe ukuba ngumprofethi. Wayezamile ukuthola imfundo yakhe futhi enze konke ayengakwenza ukukhulula abantu bakhe, ngoba wazwisisa ukuthi wayeza kukhulula abantu bakhe, kodwa, lapho ekuzwisisile ngokuma kwesayensi yezenkolo. Waye fundisiwe. Wayefundiswe kahle. Wayengafundisa amaGibhithe inhlakanipho, ababe ngabantu abakhaliiphileyo kakhulu emhlaben. Wayesazi konke ukungena lokuphuma. Wayesazi uMbhalo kusukela ku A kusiya ku Z. Wayezazi izithembiso uNkulunkulu ayezenzile. Wayeyazi ngokwengqondo. Futhi waye yi—yindoda enkulu yebutho. Kodwa ngolunye usuku ngemuva kwenkangala, lapho esiza eBukhoneni bukaNkulunkulu, wahluthula izichathulo zakhe futhi wawa—ezinyaweni zakhe, esazi ukuthi wayesemhlabathini ongcwele. Wayengelakuma ngenyawo zakhe lapho esiza eBukhoneni bukaNkulunkulu, wawa ngobuso bakhe njengalokho uAbrahama akwenzayo. Wayengelakuma eBukhoneni bukaNkulunkulu.

<sup>18</sup> KuEksodus 19:19, lapho abantu abakhethwayo bakaNkulunkulu kusukela emuva ezinsukwini zikaAbrahama,

kusukela kuAbrahama kweza uIsaka, uIsaka kweza uJakhobe, kuJakhobe kweza okhokho, futhi iminyaka emva kweminya kwaba lamadoda angcwele, amadoda amakhulu, abantu abakhethiweyo, usendo olukhethiweyo, abangcwelisiweyo, abantu abangcwele, futhi bakhonza uNkulunkulu impilo yabo. Futhi ngolunye usuku uNkulunkulu wathi, “Buthanisa uIsrayeli phandle lapha, ngizakukhuluma labo.”

<sup>19</sup> Kodwa lapho uNkulunkulu esehla phansi esiqongweni seNtaba iSinayi, futhi intaba yonke yalumatha umlilo, futhi intuthu yayiqakama kiyo njengesithando somlilo, futhi iLizwi likaNkulunkulu laduma, UIsrayeli wawa ngobuso bakhe futhi bathi, “UMose makakhulume, futhi hatshi uNkulunkulu, funa sife.” Umuntu, eBukhoneni bukaNkulunkulu, uyananzelela ukuthi uyisoni! Kukanti babe, bonke, besokiwe ngokoMthetho. Babethwele imilayo layo yonke into, kodwa lapho uNkulunkulu ekhuluma futhi beza eBukhoneni Bakhe, bananzelela ukuthi babephandle, babe—babe ngalunganga, kwakulento eyayisilela, ngoba babeseBukhoneni bukaNkulunkulu. Yebo. Futhi bathi, “Makuthi uMose akhulume, futhi hatshi uNkulunkulu, ngoba nxa uNkulunkulu ekhuluma sonke sizakufa. Makuthi uMose akhulume lathi.”

<sup>20</sup> KwakukuLukha 5:8, lapho uPetro...o, lapho eyindoda enku elenkani, futhi indoda yemfunzelelo enku, amandla amakhulu esiwazwisisayo. Wayenjengengqwele, umgoli wenhanzi owaziwayo. Kodwa lapho ebona isimangaliso sikaNkulunkulu sisensiwa nguMuntukazana, kungazathi, lokho akunanzelelayo ngaleso sikhathi ukuthi lokho kwathatha okwedlula umuntu ukuphosela zonke inhlanzi emambuleni lapho yena, layo yonke imfundo yakhe, ulwazi lwakhe lokugola inhlanzi, wayegole inhlanzi ubusuku bonke futhi engazange wabambalutho. Kodwa wezwa Omunye esithi, “Phosela imbule lakho phakathi.”

<sup>21</sup> Futhi lapho eqala ukudonsa, wayelexuku elikhulu lenhlazi, futhi wananzelela ukuthi wayeyindoda eyisoni. Futhi wathi, “Suka kimi, O Nkosi, ngoba ngingumuntu oyisoni.” Ngubani owatsho lokho na? UPetro oNgcwele, eBukhoneni bukaNkulunkulu, wacela uNkulunkulu ukuba asuke ebukhoneni bakhe, ngoba wazinanzelela eyisoni.

<sup>22</sup> UAbrahama wazinanzelela “engalunganga.” UAdamu wazinanzelela “engalunganga,” owayeyindodana kaNkulunkulu, wazinanzelela “engalunganga.” UMose wazinanzelela “engalunganga.” UIsrayeli, njengebandla lesizwe, bazinanzelela “bengalunganga.” “Suka kimi, ngoba ngingumuntu oyisoni.” Kazange azame ukuthi, “Manje, ngingeweles futhi ngifanele ukwamukela lokhu.” Wathi, “Ngingumuntu oyisoni.”

<sup>23</sup> Ngesinye isikhathi owenkolo yokuzenzela, layo yonke isayensi yenkolo ayengayifunda ngaphansi komfundisi omkhulu othiwa nguGamaliyeli, ibizo lakhe lalinguSawuli waseTarsusi, lowo esimazi njengoPhawuli, owenkolo ngokupheleleyo. Wayesazi konke ukungena lokuphuma kwenkolo yabo. WayengumFarisi wabaFarisi, lomHebheru wamaHebheru. Wayeyindoda eyaziwayo, isifundi, ekhaliphile, elobuqili, efundile, wayezitsho ukuthi wayemazi uNkulunkulu kusukela eyingane kusiya phezulu. Kodwa ngolunye usuku endleleni yakhe esehla esiya eDamaseko, leyo Nsika yoMlilo yakhazimula phezu kwakhe futhi wawa ngezakhe i...esuka enyaweni zakhe, esiya emhlabathini, othulini, futhi wathi, "Nkosi, kuyini ongabe Ufuna ukuthi ngikwenze?" Konke ukufundiswa kwakhe okukhulu, konke ukufundiswa kwakhe okukhulu kwesayensi yezenkolo, yonke imfundu yakhe kayitshongo lutho lapho emi eBukhoneni bukaNkulunkulu.

<sup>24</sup> Ngizathanda ukuma lapha okomzuzu futhi ngithi kuyinto efanayo. Ungabe ule D.D., Ph.D., loba yini ongaba yikho, ungabe wahamba ebandleni kusukela usasengumntwana, ungabe wenza yonke imisebenzi yezenkolo ekhona, kodwa ungavele ube seBukhoneni bukaNkulunkulu kanye uzazizwa umncane futhi ungabalwa.

<sup>25</sup> UPhawuli wanenzeela ukuthi wayephambukile, futhi wawela emhlabathini, ngaphansi kwemfunzelelo laMandla. Lapho ekhangela phezulu futhi wabona yena kanye uNkulunkulu ayemtshumayela, futhi...emlwisa, futhi ecabanga ukuthi wayemazi, futhi wabona ukuthi wayephambukile, wawa kusuka enyaweni zakhe, esiya emhlabathini, ngoba wayeseBukhoneni bukaNkulunkulu. Wabona leyo Nsika yoMlilo.

<sup>26</sup> Kuthiwani ngoJohane oNgcwele omkhulu kaSambulo 1:7, lapho etshengiswa umbono, futhi wakhangela, njalo wezwa iLizwi likhulumma laye? Futhi watshibilika ukukhangela ukubona iLizwi, futhi wabona izinti zezibane zegolide eziyisikhombisa. Futhi Omunye wayemile phakathi kwezinti zezibane zegolide eziyisikhombisa, lenwele ezinjengoboya, amehlo anjengamalangabi omlilo, inyawo njengensika zethusi, Wayebotshiwe ngebhanti legolide esifubeni, futhi Wayethiwa yiLizwi likaNkulunkulu. Futhi lapho uJohane oNgcwele omkhulu esehambe loKhristu, weyama phezu kwesifuba Sakhe, lapho esenzo zonke lezi zinto! Njengokuba ngitshilo lokhu kusa, inkonzo kaPhawuli yedlula ezabo zonke. Lapha, ngemva kokuba uJohane esehambe loJesu, wakhulumma Laye, walala Laye, wadla Laye, kodwa lapho eMbona emile lapho, leso simo esikhazimulisiweyo, wathi wawa njengomuntu ofileyo enyaweni Zakhe. Amen. Cabanga ngakho!

<sup>27</sup> Singabuya ebandleni futhi sikhulume futhi sidumise uNkulunkulu, lokunjalo, kodwa, o, mfowethu, lapho siMbona

esiza, enye into izakwahluka enhliziyweni zethu! Singacabanga ukuthi senza umlando wethu wenkolo ngokuhamba ebandleni lokubhadala okwetshumi kwethu. Singacabanga ukuthi sigcina imithetho yebandla futhi sikhulumbe zonke izivumokholo, kodwa kasikhangeleni Kuye kanye, into yonke iyaguqulwa indlela yonke ngalapho. Yebo, kuliqiniso.

<sup>28</sup> Lindoda enku, uJohane oNgcwele, indoda enku, enjengaleyo, iBhayibhili lathi kuSambulo 1:7, ukuthi “wawa sengathi yindoda efileyo.” Ngemva kweminyaka emithathu lengxene yobudlelwano loKhristu, wayengomunye wababhalu beziNcwadi, wabhala ngemuva Kwakhe, wadla Laye etafuleni, walala Laye embhedeni, futhi wadlelana Laye loba ngaphi Ayesiya khona, kodwa lapho etshibilika ukuMbona, wayengasela mpilo eyayisele kuye. Wawa njengomuntu ofileyo esibuyeni, kumbe emhlaba bathini. Kulungile.

<sup>29</sup> Siyabona uIsaya, kuIsaya 6:5, njengokuba sibalile nje, lumprofethi omkhulu olamandla, ungomunye wabaprofethi abakhulu abakhona eBhayibhili. KulamaBhuku angamatshumi ayisithupha lesithupha eBhayibhili; kulezahluko ezingamatshumi ayisithupha lesithupha kuIsaya. UIsaya uqala kuGenesi, phakathi kukaIsaya uletha iThestante eLitsha, ekucineni kukaIsaya uletha iMileniyanu; khona kanye uGenesi, iThestante eliTsha, leSambulo. Kuphelele! UIsaya wayengomunye wabaprofethi abakhulu. Kodwa ngolunye usuku wayeyame phezu kwengalo kaUziya inkosi enku, uUziya wayesuswe kuye, futhi wayephansi. Wayengumfo omuhle kakhulu, wayeyindoda enhle elungileyo, nxa leyo nkosi elungileyo (inkosi enhle) yamanzelela njengomuntu ongcwele futhi yamgcina ethempelini lakhe.

<sup>30</sup> UIsaya wabona imibono. Wayengumprofethi. UIsaya watshumayela iLizwi. Wayengumtshumayeli. UIsaya wayengomuntu ongcwele. Kodwa ngolunye usuku, emile ethempelini, wehlelwa yisiyezipupho futhi wabona iNkazimulo kaNkulunkulu. Wabona iNgilosi zilempiko ebusweni Bazo, impiko enyaweni Zazo, ziphapha ngempiko, zimemeza, “Ngcwele, ngcwele, ingcwele iNkosi uNkulunkulu Somandla!”

<sup>31</sup> Lowo mprofethi wanenzelela ukuthi wayengasilutho. Wathi, “Maye kimi, ngoba ngiyindoda yendebe ezingcolileyo.” Umprofethi, umprofethi olamandla wonke weBhayibhili, omunye wabo. “Ngiyindoda elendebe ezingcolileyo, futhi ngihlala phakathi kwabantu abalendebe ezingcolileyo. Maye kimi, ngoba ngibona iNkazimulo kaNkulunkulu.”

<sup>32</sup> Futhi wathi, lapho leyo Ngilosi imemeza, “insika zethempeli zanyikinyeka emuva laphambili.” Mfowethu, lokho kuzakwenza...Akusinsika zethempeli kuphela ezizakunyikinyeka, kodwa wonke amazulu lomhlaba azakunyikinyeka lapho Esiza njalo. Intaba zizabaleka, futhi

lolwandle luzaphela, luklabalale, "Sifihle ebusweni Bakhe lowo ohlezi phezu kwesiHlalo sobukhosi." Kuzakuba yisikhathi esibi. Ngiyakutshela, mngane oyisoni, kungcono ube uzihlolisisa. Kunjalo.

<sup>33</sup> Manje, uIsaya wathi, "Maye kimi, ngiyindoda yendebe ezingcolileyo, futhi ngahlala phakathi kwabantu abangcolileyo. Futhi mina ngi, lababantu balendebe ezingcolileyo."

<sup>34</sup> Manje khumbula, nxa amadoda angewelete anjalo azinanzelela "eyizoni" eBukhoneni bukaNkulunkulu, kuyini lokho isoni longela bunkulunkulu azakwenza ngalolo Suku na? Bazakwenzani abantu abahlala emihlanganweni? Bazakwenzani abantu ababone aMandla kaNkulunkulu, labo abezwa ukubala usehla eLizwini, labo ababona uNkulunkulu eZibonakalisa, futhi (ngaphezu kwethunzi lokuthandabuza) uMbhalo wonke ugcwaliseka, futhi bazame ukuyangena eZulwini bengazalwanga ngokutsha futhi bamukela uMoya oNgewe? iBhayibhili lathi, "Nxa umuntu olungleyo esindiswa kanzima, isoni longela bunkulunkulu bazakuma ngaphi?" Yindawo enjani esizakuma kiyo nxa sibona uNkulunkulu eZambula khona phambi kwethu, futhi sibone iNkazimulo kaNkulunkulu nje ngokufanayo njengalokho amadoda lawo akwenzayo, futhi lolo hlobo lwamadoda lwamemeza, abaprofethi labahlakaniphileyo iLizwi elisekelwe phezu kwabo? Nxa bakhala, futhi bawela enyaweni zabo, futhi baklabalala, "Ngingumuntu wendebe ezingangcwele, ukungcola," kuzakuba njani kulowo muntu ngalesosikhathi ongavumiyo lokuvuma izono zakhe na? Kuzakuba njani kulowontanga ongavumiyo ngitsho izono zakhe umfana kumbe inkazana? Kuzakuba njani kulowo muntu olenhliziyo elukhuni ocabanga ukuthi uyazi okunengi ngendalo kaNkulunkulu ukwedlula uNkulunkulu akwenzayo Ngokwakhe na? Kuzakwenzakalani kulowomuntu oqede yonke impilo yakhe ezama ukuphikisa iBhayibhili? Izakuma ngaphi leyo ndoda na? Cabanga ngakho!

<sup>35</sup> Lokhu yikuvangela. Lesi yisikhathi sokunyikinya abantu. Lesi yisikhathi uNkulunkulu athi kuzabuya isikhathi, Wanyikinya iNtaba iSinayi kwesinye isikhathi kodwa kuzakuza ukunyikinya njalo, ukuthi Yena "akayi kunyikinya iNtaba Sinayi kuphela, kodwa Uzakunyikinya yonke into enganyikinywa." Kodwa linanzelele wonke uMbhalo na? "Kodwa samukela uMbuso ongasoze unyikinywe!" Haleluya! Yonke into enganyikinywa izanyikinywa. Amazulu azanyikinyeka. Umhlabu uzanyikinyeka. "IZulu lomhlabu kuzakwedlula, kodwa lelo Lizwi aliyikwedlula. Ngoba phezu kwalelidwala Ngizakwakha iBandla Lami, futhi amasango esihogo awasoze aliNqobe." Yonke into enganyikiyuwa izanyikinywa. Kodwa siyemukela uMbuso oyilizwi likaNkulunkulu Ngokwakhe, futhi uNkulunkulu uyiLizwi Lakhe. AkaZinyikinyi. Amen! O, mina-bo! "Kodwa

siyemukela uMbuso ongeke unyikinywe,” kawunyikinyeki, watsho uPhawuli umbhali wamaHebheru.

<sup>36</sup> Umuntu onjalo lendoda enjalo, isikhathi esinje lokuthi babesizwa njani! Silakho njalo, ngokwethu, sibone iNkazimulo kaNkulunkulu njengalawamadoda akwenzayo. Sibili. SiKubonile. Sibonile iNkazimulo kaNkulunkulu njengoAbrahama waYibona. Sabona iNkazimulo kaNkulunkulu njengoMose waYibona, iNsika yoMlilo efanayo, aMandla afanayo kaNkulunkulu, uKhristu ofanayo...eZembula, eZitshengisa, egcina iLizwi Lakhe osukwini lokucina. Singafika njani lapho-ke, futhi sihambe futhi siKuphathe lula kangako na? Singahamba njani ngalapho futhi sibambelele kuzivumankolo zethu lenhlanganiso zesonto, futhi singathathi iLizwi likaNkulunkulu? Kuzakuba yini kithi kulolo Suku na? Kuzakwenzakala njani ngathi, lapho sibone iNkazimulo kaNkulunkulu?

<sup>37</sup> Abanye abantu bazakuma khatshana futhi benze inhlekisa Ngakho, abanye bazaKuhleka, abanye bazaKubiza ngokuthi yikwedlulisa amalawulo, abanye baKubiza ngokuthi ukufunda ingqondo, abanye baKubiza ngokuthi uBhelizebhabhu, abanye baKubiza enye into kumbe okunye. Njengesaga esidala sinjalo, “Iziwula zihamba ngezicathulo ezilezipikili ngaphansi ezimakhanda khulu lapho iNgilosi ezesaba ukunyathela khona.” Kunjalo. “Isiwula sithe enhliziyweni yaso, ‘Akula Nkulunkulu.’” Lapho ebona uNkulunkulu ebonakaliswa ngokupheleleyo ngeLizwi Lakhe uQobo (hatshi ngesivumankolo; kodwa ngeLizwi Lakhe), futhi-ke ahamble khona phezu Kwakho futhi akwenze inhlekisa Yakho, uyisiwula. Ngoba, kungu, uNkulunkulu uyiLizwi, futhi uNkulunkulu waZibeka sobala kuye, futhi uyisi “wula,” iBhayibhili latsho. Kuzakuba yini kuye lapho kumele ame kuleyo ndawo? Kuzakuba—kuzakwesabeka kulowomuntu kulolo Suku, ongela bunkulunkulu.

<sup>38</sup> Izioni eziphendukileyo, lobakunjalo, azila kwesaba. O, hatshi. Isoni esizakuphenduka, siyakwazi ukuthi kuloMhlatshelo wegazi olindeleyo, ukuma endaweni yaso. Yikho lokho okunginika induduzo. Ngabona inkazimulo kaNkulunkulu. Ngezwa amandla Akhe. Ngiyakwazi ukuthinta kwesandla Sakhe. Ngiyakwazi ukuthinta kokujezisa Kwakhe. Ngiyakwazi ukuthi UnguNkulunkulu. Futhi ngyakwazi ukuthi ngiphelile, kodwa kuloYedwa ongimeleyo lapho. Ameni. KuloYedwa Lowo omayo lapho futhi athi, “Baba, beka bonke ububi bakhe phezu Kwami, ngoba wangimela phansi emhlaben.” Haleluya! Khona-ke ngyahamba esiHlalweni sobukhosи sikaNkulunkulu, ngesibindi, ngilomusa enhliziyweni yami, ukwazi ukuthi kakusikho ngemisebenzi emihle, kodwa ngesihawu Sakhe Ngisindisiwe. Hatshi lokho engingakwenza, lokho engingakujoyina, lokho engingakutsho; kodwa kungomusa Wakhe ukuthi Wangisindisa.

<sup>39</sup> Akumangalisi imbongi eyayibambe lokho, yaklabalala, “Umusa omangalisayo, umnandi kanganani umsindo, owasindisa ohluphekayo njengami. Ngake ngalahleka, kodwa manje sengitholakele; isiphofu, kodwa manje sengibona.”

<sup>40</sup> Ngingahamba njani eZulwini? Ungahamba njani eZulwini? Singeke sikwenze, thina, futhi kakula enye indlela yokukwenza. Kodwa kuloYedwa owenza indlela. Futhi UyiNdlela. Njalo sifika njani Kuye na? NgoMoya munye, uMoya Wakhe, sibhaphathiziwe eMzimbeni munye lowo ozaphakanyiswa njengesizingelezane. Sizaphuma phandle komhlaba njengesazi sezenkanyezi yalolusuku lokucina ekholweni lukaNkulunkulu. Ameni. Sibili. Izoni eziphendukileyo azidindi kukhathazeka, Omunye ukhona endaweni yabo.

<sup>41</sup> O, khona-ke emva kokuba sesibuye eBukhoneni Bakhe manje, futhi sisazi besiseBukhoneni Bakhe, siMbonile esenza izinto Azenzayo lapho Elapha emhlabeni. Ukwazi njani i... Ubakwazi njani ivini olikhangeleyo? Ngenxa yesithelo esithelayo. Ukwazi njani ibandla oya kilo? Ngezithelo elizithelayo. UJesu wathi, “Lowo okholwa Kimi, imisebenzi eNgiyenzayo laye uzayenza. Lezi izibonakaliso zizakubalandela labo abakholwayo.”

<sup>42</sup> Manje, siyabona Akaze asimisele ukuya kwenza inhlanganiso zamasondo. Akaze asimisele ukuya kwenza izivumankolo. Kodwa Wasixwayisa ngokumelana lokunjalo. “Ngoba lowo ozasusa loba yini Kulo kumbe engezelele loba yini Kulo, lowo uzakhutshwa, ingxenyenye yabo, eBhukwini lokuPhila.” Bona?

<sup>43</sup> Ngakho, kasimiselwanga ukwenza ulutho kodwa ukuhlala laleloLizwi. Futhi nxa umuntu ethunywe nguNkulunkulu, uzahlala leLizwi, ngoba uNkulunkulu uthuma kuphela ngeLizwi Lakhe. Bona? Bona, Kumele ahiale ngeLizwi Lakhe. Khona-ke lapho sisiza eBukhoneni Bakhe, lapho umuntu angavele abuye eBukhoneni bukaNkulunkulu, uguquliwe ninilanini, nxa kukhona inguquko kuye. Manje, kulaLabo abangahamba eBukhoneni bukaNkulunkulu futhi bangabi landaba Lakho. Waye ngamiselwanga iMpilo. Kodwa uba wayemiselwe ngaphambili nguNkulunkulu, masinya lapho lokho kunyakaza kuqala ukutshaya, uyakwazi. Lokho kuyalumatha umlilo.

<sup>44</sup> Khangela leso sifebe esincinyane phansi lapho lolosuku eSamariya, lowomfazi. Wayesesimwени esibi ngokwengqondo langokwenyama. Siyakwazi lokho. Kodwa masinya lapho ebona leso sibonakaliso sisensiwa, sikaMesiya, wathi, “Siyakwazi uMesiya uyeza ukuzokwenza lokhu. Wena kumele ube ngumprofethi Wakhe.”

Wathi, “Ngingulowo Mesiya owabhalwayo ukuthi uyeza.”

<sup>45</sup> Wakunanzelela. Akazange abuze omunye umbuzo futhi. Waqala khona masinyane ukuba lomthwalo, ukwazi ukuthi nxa wathola lokho futhi wabuya eBukhoneni bukaNkulunkulu, wayelomlandu ukuthi atshele omunye umuntu ngakho. Haleluya! Kuqondile. Loba ngubani obuya eBukhoneni bukaNkulunkulu ulomlandu phambi kukaNkulunkulu, kusukela kulowo mzuzu kusiya, ukutshela omunye umuntu. Khangela kuAbrahama, khangela uMose, khangela uPetro, khangela uPhawuli. Ngesikhathi besiza eBukhoneni bukaNkulunkulu, bazinanzelela ukuba “izoni,” futhi banameka ubufakazi babo ngempilo yabo. Khangela ikhosikazi elincinyane, wayengaselakuma futhi, wahamba edolobheni futhi watshela abantu, “Wozani, libone iNdoda engitshele izinto engizenzileyo. Kayisuye lowu uMesiya na?” BabengelakuKuphika, ngoba kwaKunguMbhalo. Ngeqiniso. Yebo, kufanele bakwenze, indoda, lapho silomlandu wokutshela abanye njengo Mose akwenzayo, njengo Petro akwenzayo, njengo Phawuli akwenzayo. Emva kwalezzinto, liKubonile labuya eBukhoneni Bakhe, ulomlandu ngoMbiko ukuthi ufike komunye umuntu. Awungeke uhlale nje uthule Lakho. Kumele uKuhambise komunye umuntu.

<sup>46</sup> Ngiyakhumbula udadewethu omdala wayevame ukuba lapha, umama kaMfowethu Graham Snelling, wayevame ukuhlala khona lapha ebandleni, futhi wayehlabela, “Ngisanda kufika nje! Ngiyagijima, gjima, gjima, futhi nje ngisanda kufika nje futhi angeke ngihlale phansi.” Wayefumene enye into nje. Ngahamba ebandleni elincinyane labansundu ngapha eLouisville, futhi bonke babemile, behlabela, “Ngiyagijima eMgwaqweni omkhulu weNkosi, ngisanda kuWuthola nje, futhi ngenyuka ngoMgwaqo omkhulu!”

<sup>47</sup> Kulenye into ngakho, lapho uthola uKhristu, awungeke uzithulele futhi. Insuku zakho zonke ungumuntu oguqukileyo, ngoba lapho impilo leMpilo kusiza ndawonye, kwenza ukuKhanya okukhazimulayo. Qiniso. Lapho ibhalubhu lixhunyaniswa locingo, nxa kulibhalubhu eliqondileyo, kufanele liphe ukukhanya; lapho ukugeleza kwamandla kagetsi lebhalubhu kusiba ndawonye akula okokwenza kodwa ukusabalalisa ukukhanya. Kufanele kukwenze. Futhi lapho indoda kumbe umfazi emiselwe ngaphambili eMpilweni elaPhakade, futhi bebona ukugeleza kwamandla kaNkulunkulu kubamba lelo bhalubhu, kuzaphosela ukuKhanya yonke indawo okungayenelisa. Ungabe ungedluli isilinganiso sikagetsi esilitshumi, kodwa uzasabalalisa lokho kuKhanya olakho. Nxa ungasiso silinganiso sikagetsi esingamakhulu amahlanu, sabalalisa ukuKhanya kwesilinganiso esilitshumi sikagetsi. Nika ukuKhanya kwakho! “Makuthi ukukhanya kwakho kukhanye phambi kwabantu, ukuze babone imisebenzi yakho emihle futhi badumise uBaba oseZulwini.” Yebo, mnumzana.

<sup>48</sup> Lapho umuntu exhumana loNkulunkulu, uzinanzelela “engalunganga.” Umuntu angahamba njani ngalapho futhi azigqaje ngokuthi umkhulu okunganani lakho konke lokho akwenzileyo, lapho engasilutho? Akasilutho kwasekuqaleni. Ngolunye usuku phansi eMemphis, Tennessee, kumbe enye...angikhola ukuthi kwakuseMemphis. Kwakungenye yezindawo lapho. Ngangilo Mfowethu Davis futhi wayesiba le—lemvuselelo. Kwakungabe kuyiMemphis. Futhi sasi, sahamba endlini yemidlalo, futhi babesiba layo phakathi lapho, hatshi indlu yemidlalo, kwakungathi yindawo yendlini yemifanekiso yobungcwethi, futhi babele—lezithombe ezinkulu lezo ababezithole endaweni ezelukeneyo zomhlaba, zokwehlukeneyo, oHercules lokunjalo, futhi abadwebi ababezipendile. Futhi-ke babe lokuhlolisia kwendoda eyayisinda amaphawundi alikhulu lamatshumi amahlanu. Liyazi ukuthini, ukuthi ubiza okungakanani na? Amasenti angamatshumi ayisificaminwembili lane. Yikho kuphela ayikho. Amasenti angamatshumi ayisificaminwembili lane yiwo kuphela—kuphela amakhemikhali ongawathola kuye. Ulomlotha owenele ukufafaza isidleke sesikhukhukazi, futhi uleyeneleyo, icalcium encinyane nje, ipotashi encinyane. Kungathengiswa okwamasenti angamatshumi ayisificaminwembili lane. Kodwa siyalondoloza nje amasenti lawo angamatshumi ayisificaminwembili lane futhi siwatotoze.

<sup>49</sup> Kwaku labafana ababili bemile lapho, futhi omunye wakhangela omunye, wathi, “Jim, asibizi lutho asinjalo na?”

Wathi, “Hatshi, asinjalo, John.”

<sup>50</sup> Ngathi, “Kodwa manini okomzuzu, bafana, lilomphefumulo phakathi lapho obiza inkulungwane ezilitshumi zemihlabu, ongaba, ongahlengwa ngamandla kaNkulunkulu, nxa ungakuvumela nje.”

<sup>51</sup> Umuntu, lapho ebona izinto lezi, ulomlandu wokutshela abanye. Ngakubona lapho ngisasengumfana nje. Ngaqeda impilo yonke kikho. Ngilusizi kuphela ngilempilo eyodwa, ngifisa aluba ngilenkulungwane ezilitshumi. Nxa ngangilelaPhakade, bengizabe ngilokhu ngifuna ukutshela abantu ngakho, ngoba kuyinto enkulu kakhulu engake ngayifumana. Nxa ungabala kuEzekiyeli 33, isahluko 33 sikaEzekiyeli, kwakulomlindi owayebekwe phezu komphotshongo, futhi lumlindi wayelomlandu ngedolobho lonke. Amen. Manje, vuka, zivuseni kusazela senu sikamoya okomzuzu, lapho ngisiya kuluMbhalo. Lowo mlindi wayemele abe yindoda efundisiweyo. Wayemele abekwazi lokho ayekwenza, loba ngumango organani, masinyane bevuka, isitha, wayesibona. Wayebona ukumatsha kwabo, wayebona umbala wabo, wayengatsho ukuhlelwa lokulandelana kwabo. Khona nje lokho amehlo omuntu angakubona, wayengakubona. Futhi wayephakeme kulabo bonke, ngoba waye fundiswe ukwazi

isitha. Futhi uNkulunkulu wayefuna idolobho lonke esandleni sakhe. "Mlindi, yisikhathi bani sobusuku?" Haleluya!

<sup>52</sup> Yiyo indlela amasotsha kaNkulunkulu ayiyo lamuhla. Afundiswe eLizwini. Lapho kusiza ulutho olulolongiweyo kancinyane, okulenyne into engasiMbhalo, baxwayisa ibandla labo. Ulutho olungayisilo Bhayibhili, ulutho olungayisilo—olungafaniyo loNkulunkulu, okunjengokuba lokudla kwemisobho, imidanso, layo yonke into, ukuholisa abelusi. Lezo zinto azilunganga. Imidlalo yamadayiza lamaphathi amakhasi emabandleni, akuqondanga! Futhi umlindi oqotho emdulwini, osowake waba eBukhoneni bukaNkulunkulu... Nxa engekho emdulwini, nxa efanele nje ukuba semdulwini, umduli ungabe ungekho phezulu ukwedlula ibandla lonke. Kodwa nxa engumlindi oqondileyo, uNkulunkulu uyamphakamisela phezulu ezigaben'i abanye bonke abangeke bafike khona. Kodwa uyakhangel'a umhlambi, futhi uNkulunkulu uyakufuna kuye! Umuntu kaNkulunkulu oma eBukhoneni bukaNkulunkulu, futhi esazi ukuthi uNkulunkulu nguNkulunkulu, futhi esazi ukuthi uNkulunkulu uyagcina iLizwi Lakhe, futhi akhangele uNkulunkulu esenza Ngokwakhe futhi esenza umsebenzi Wakhe futhi agcine iLizwi Lakhe, khona-ke akulandaba zingaki inhlanganiso kumbe inhlanganiso zesonto ezizama ukuKudabulela phansi, uyakwazi ukuhlelwa lokulandelana kwesitha. Ameni. Uyakwazi lokho okokutshela ibandla, umlindi sibili.

<sup>53</sup> Nxa sivumile ukuthi Unguye, besiseBukhoneni Bakhe, futhi sivumile izono zethu, zesuliwe ebhukwini lomkhumbulo Wakhe. Akula muntu kodwa uNkulunkulu ongakwenza lokho. Manje, ungenza loba yini kimi, ngizakulixolela, kodwa ngizakukhumbula. Nxa ngingenza ulutho kuwe, ungangixolela, kodwa uzakukhumbula. Kodwa uNkulunkulu engaxolela futhi akukohohlwe. Cabanga ngalokho, "engakukhumbuli khona!" Ameni. Lokho kungenza ngizwe kuhle. Lapho kungasakhunjulwa futhi, akula lutho olungakwenza kodwa uNkulunkulu. Akula kodwa nguNkulunkulu ongakwenza lokho. Wathi Uzakwesula ebhukwini Lakhe lomkhumbulo. Angeke ngikwenze, awungeke ukwenze, ngoba kuphela silaleyi imizwa emncinyane ekhawulayo. Kodwa Akalamkhawulo, uNkulunkulu, Engakohohlwa impela ukuthi kwake kwensiwa. Ameni.

<sup>54</sup> Ikhosikazi elincinyane lavela ebandleni lasemaphandleni, futhi ubabawakhe wayengumtshumayeli oklabalalayo, wesidala, umtshumayeli omemezayo, kumbe ilunga lebandla. Futhi-ke wangena edolobheni, futhi wasezihlanganisa labafazi phansi lapho, futhi waqala ukwenza njengalokho ababekwenza, lemiceco. Futhi ngolunye usuku wayengathi ulenhloni ngobaba wakhe lomama ukuthi babuye, kumbe ubaba wakhe, bengisisitsho, umama wakhe wayesefile. Ngakho indoda endala,

into kuphela ayengayenza, yikuvuka ekuseni, adle ukudla kwakhe kwekuseni futhi athathe iBhayibhili futhi aLibale, futhi akhale futhi akhuleke futhi amemeze usuku lonke, futhi agijime phezulu laphansi ekamelweni, futhi wayengathi uyayangeka kancinyane ngakho. Ngakho khona-ke—khona-ke lapho isikhathi sonke ebusuku, lapho ebamba iBhayibhili, waqala ukuLibala, wayevuka embhedeni, futhi amemeze, “Dumo kuNkulunkulu! Haleluya! O, dumo kuNkulunkulu!” Atshayelele phansi inyawo nje lokukhala ingxenyen yobusuku.

<sup>55</sup> Ngakho ngolunye usuku wayezakuya libazisa amalunga ebandla lakhe ephathini encinyane yetiye njengalokho behlala bekwenza, liyazi, ngakho wayengazi lokho ayezakwenza ngobaba wakhe. Phezu kwakho konke, kwaku ngubaba wakhe. Ngakho wanquma ukumbeka endlini yaphezulu, futhi athi, “Baba, awufuni kuba lapho abafazi laba abakhona, uyafuna yini?”

Wathi, “Hatshi, angikholwa ukuthi ngiyafuna ukukwenza lokho.”

<sup>56</sup> Wathi, “Awu, sizakuba labafazi bebandla phezulu lapha lamuhla, futhi sizakuba lomhlangano omncinyane, umhlangano omncinyane womkhuleko. Ngakho ngi—ngiyakutshela, baba, kungani nje ungenyukeli endlini yaphezulu?”

Wathi, “Ngiyakholwa nje ngizakwenza lokho.”

<sup>57</sup> Ngakho wathi, “Bala ibhuku leli elihle.” Futhi wamnika elozokumiswa kwamazwe. Wamthathela iBhayibhili ukuze athule. Ngakho wayekwazi nxa wayebala iBhayibhili, ngani, wayeqala ukwenza umsindo omnengi phezulu-le. Ngakho uphezu kwabo, uyazi, lapho ababesiba lephathi yabo. Ngakho wamnika eloziokumiswa kwamazwe, wathi, “Lokhu kuhle. Kufanele ukubale, baba, ngoba kuyakutshela iqiniso lonke ngomhlaba.”

“O,” wathi, “Ngizathokoza ukubala lokho.”

<sup>58</sup> Ngakho wathi, “Manje wena hamba phezulu-le futhi uzithulele sibili abafazi laba baze basuke, futhi-ke ngiza... . uphenduke phansi futhi-ke ungenza loba yini ongafuna ukuyenza.” Wavuma ukukwenza. Ngakho waya endlini ephezulu, wahlala phezulu lapho.

<sup>59</sup> Futhi bonke babesiba lephathi yabo yetiye, liyazi, behkulumu *ngosibani-bani*, futhi liyazi ukuthi kuhamba njani, ukuba laso sonke leso sikhathi esikhulu. Futhi phose leso sikhathi enye into yaqhamuka endlini ephezulu, konke ukuklabalala, lokweqa yeqa, leplasita isiwa. Indoda endala igijima phezulu laphansi endlini ephezulu khona kalukhuni ngokwenelisa kwayo, iseqa phezulu laphansi, futhi iklabalala, “Dumo kuNkulunkulu! Dumo kuNkulunkulu!” Abafazi abazange babekwazi lokho okwenzakalayo phezulu-le, lokho

ababelakho endlini ephezulu. Ngakho phansi emastepusi wabuya, ngamandla ayewenelisa.

Wathi, “Baba, ngikunike elezokumiswa kwamazwe ukuthi ulibale.”

